



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI
CELE ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EMAWOTI ENANDA
NGOLWESINE MHLAKA 16 OCTOBER 2008**

Ngibanibingelela nonke

- Esikhathini esiyinyanga esedlule besihlangene kule ndawo enkonzweni yesikhumbuzo sabantu abayisithupha abashone engozini yomgwaqo ebandakanya itekisi.
- Kuyadabukisa kakhulu futhi ukuthi sisahlangene lapha nanamhlanje sizoduduza imindeni yabantu abayisikhombisa abashone ngoLwesine olwedlule engozini yamatekisi amabili.
- Uhulumeni wethu usebenza akanzima ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngephephile nengcono kubantu bonke. Kodwa inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.
- Ucwangingo luveza ukuthi iningi lezingozi lidalwa ngukuphulwa kwemithetho yomgwaqo. Lokhu kwenza kudingeke ngokushesha ukuthi kulungiswe isimo somqondo nendlela yokuziphatha kwabasebenzisa umgwaqo. Ibaelwa ku-R43 billion manje imali echitheka ngokufa nokulimala kwabantu ezingozini zomgwaqo.

- Lelizwe lilahlekelwa ngabantu ababalelwa ku-15 000 ngonyaka emigwaqeni. Yize kunemikhankaso eminingi yezokuphepha nokusabalaliswa kwamaphoyisa amaningi, kusenabashayeli nabahamba ngezinyawo abaningi abaqhubekayo nokubukela phansi ezokuphepha emgwaqeni.
- Ukuziphatha ngale ndlela kubeka engcupheni ukuphepha kwabanye abasebenzisa umgwaqo nezimpilo zabantu abaningi.
- Ngokwemibiko, ikhumbi ibihamba emgwaqeni u-M25 ngenkathi itholana phezulu nenye ikhumbi ebiphambana nayo. Abantu abayisikhombisa bashonele khona lapho. Abanye abayisikhombisa balimale kanzima, omunye waba sesimweni esibucayi abanye abathathu bathola imihuzukwana.
- Kusolakala ukuthi umshayeli we-Quantum uhlulekile ukuyilawula imoto washayisa uthango, yagingqikela emzileni weziphambana nayo yashayisana nenye ikhumbi eyi-Sprinter.
- Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Sithanda ukukhalisana nemindeni yalaba:

Name	Age	Gender
Nombuso Ngubane	31	Female
Nokubonga Gama	29	Female
Ncamisile Mhlongo	24	Female
Ntombizonke Hlengwa	24	Female
Joseph Mlangeni	25	Male
Doctor Hlabisa	35	Male
Sihle Ngubo	24	Male

- Kuhlale kuba nzima njalo uma sibona ubuhlungu obuthwelwe amalungu emindeni uma sihambele izinkonzo zalolu hlobo. Awekho ngempela amazwi anele okududuza imindeni ngalesi khathi esinzima kangaka.
- Nokho-ke, ngithanda ukugcizelela ukuthi ukuphepha kwabagibeli kuncike ezandleni zabashayeli kanye nabanikazi bezithuthi zomphakathi.
- Abanikazi bezithuthi zomphakathi njengamatekisi namabhasi nabo kumele baqinisekise ukuthi abashayeli babo bangabashayeli abasemthethweni futhi abakwaziyo ukushayela lezi zithuthi.
- Sengiphetha, sihlale sisho ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukulekelela imindeni ngalezi zikhathi ezinzima. Masihloniphe imithetho yomgwaqo “SENZE OKUFANELE”

Ngiyabonga.